

### Ekhaya/ebhizinisini

- Vala umpompi phakathi kokugeza ubuso, ukuxubha noma ukushefa.
- Ukugeza eshaweni imizuzu emihlanu ngosuku, esikhundleni sokugeza kubhavu, kusebenzisa ingxenye yokuthathu yamanzi asetshenziswa ukugeza kubhavu wokugeza, konge amanzi angamalitha afinyelela kuma-400 ngesonto.
- Ukugeza kushawa kungasebenzisa amanzi angamalitha angama-20 ngomzuzu.
- Uma uthanda ukugeza ebhavinini, ungawugcwalisi ngokweqile ubhavu wokugeza.
- Ukugeza kungasebenzisa amanzi angamalitha aphakathi kwangama-80 nayi-150 ukugeza ngakunye.
- Sebenzisa amakhanda amashawa akhipha amanzi kancane, iziqukathi zokushaya indlu yangasese ezisebenziseka kabili kanye nemishini yokuwasha eyonga amanzi.
- Amaketelo akufanele agcwaliswe phama kodwa ngamanzi nje anele izidingo zakho. Lokhu kuzophinda kunciphise isikweletu sakho sikagesi.
- Ungazigcwalisi ngokweqile iziqukathi ezifana namabhodwe okupheka, njengoba lokhu kungaholela ekusebenziseni ugesi omningi ukufudumeza amanzi.
- Ukunciphisa umthamo wokushaya indlu yangasese konga amanzi angama-20%. Lokhu kungenziwa ngokubeka ibhodlela lesiphuzo eliyi-2 l, eligcwaliswe amanzi kanye nesihlabathi esincane ukwengeza isisindo, esiqukathini samanzi okushaya indlu encane.
- Lungisa indlu yangasese evuzayo, kungenjalo ungamosha amanzi afinyelela kumalitha ayi-100 000 ngonyaka.
- Gwema ukushaya indlu yakho yangasese ngokungadingekile. Lahla amathishu, izinambuzane nomunye udoti emgqonyeni kunokukulahla endlini yangasese. Kusetshenziswa amanzi angamalitha ayi-12 njalo uma ushaya indlu yangasese.
- Sebenzisa "amanzi ampunga"- amanzi asetshenzisiwe asuka kobhavu, imishini yokuwasha nakweminye imithombo ephephile – ukushaya indlu yakho yangasese.
- Ungaligcwalisi ngokweqile noma ulihlanze njalo ichibi lakho lokubhukuda.
- Sebenzisa ibhakede kunokusebenzisa ipayipi ukuwasha imoto yakho. Uma usebenzisa ipayipi, sebenzisa elinekhandu okwaziyo ukulivala ngesikhathi ungalisebenzisi ukuwasha imoto. Ukusebenzisa ipayipi lasengadini kungasebenzisa amanzi afinyelela kumalitha angama-30 ngomzuzu.
- Ungachithi upende kanye namakhemikhali esitamukokweni.
- Abalimi kumele baqinisekise ukuthi abafaki izibulalazinambuzane ezinobuthi emithonjeni yamanzi nasemifuleni.
- Amafemu kufanele aqaphele ukuthi ayikhiphela kanjani imekhuri kanye namanye amakhemikhali anobuthi afana nayo emanzini agcolile.
- Abantu abahlala ezindaweni zasemakhaya kufanele bangasebenzisi umfula noma usebe lomfula njengendawo yokuzikhulula

### Engadini

- Chelela izitshalo zakho njalo ngezikhathi zasekuseni noma zakusihlwa, ngesikhathi amazanga okushisa esehlile. Phakathi kwehora le-10:00 nele-15:00 ungalahlekelwa ngamanzi afinyelela kuma-90% ngenxa yokuhwamuka.
- Njalo uma ubilisa iqanda, gcina amanzi aphilisiwe ukuchelela izitshalo zakho zasendlini. Ziyohlomula kuzivundisi eziqhamuka egobolondweni.
- Gxila ezitshalweni zendabuko nalezo zingadli amanzi amaningi zingezona ezendabuko (kodwa hhayi lezo zishabalalisa ezinye).
- Beka izitshalo ngokwezidingo zazo zamanzi futhi umboze eduze kwazo.
- Chelela izingadi kambalwa, kodwa uzichelele kahle. Ukusebenzisa ipayipi lokuchelela ingadi kungasebenzisa amanzi afinyelela kumalitha angama-30 ngomzuzu.
- Susa izihlahla okungezona ezendabuko futhi ezishabalalisa ezinye egcokekeni lakho.
- Amanzi emvula angalondolozwa emathangini, ukuchelela izingadi.
- Sebenzisa "amanzi ampunga"- amanzi asetshenzisiwe asuka kobhavu, imishini yokuwasha nakweminye imithombo ephephile – ukuchelela ingadi yakho.

